# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngosuku lokukhumbula ukubethelwa nokufa kweNkosi, ngomhla ka 29. 03. 2013    20/2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 93/85

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Mninimandla onke, mawukhumbule ngomusa wakho abakho iNkosi yethu uJesu Kristu ezinikele ngenxa yabo ngothando olukhulu ukuba anikelwe ezandleni zezoni, nokufela esiphambanweni, ovuke kwabafileyo, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, ninguNkulunkulu oyedwa, kusukela phakade kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 5:14b-21;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 19:16-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 95/87

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo:Woza. Moya oNgcwele, mawuvule izindlebe zethu, ukhanyise izingqondo zethu ngezwi lakho ngoJesu Kristu obethelwe esiphambanweni. Amen

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuMathewu 27:33-54, lithi: "Esefikile endaweni ethiwa iGolgotha okungukuthi iNdawo yeKhanda, amphuzisa iwayini elixutshwé nenyongo; kepha kuthé elizwa, akathandanga ukuliphuza. Esembethele esiphambanweni abelana izingubo zakhe, enzelana inkatho; ahlala amlinda khona. Abeka ngaphezu kwekhanda lakhe icala lakhe libhalwé ngokuthi: LO NGUJESU, INKOSI YABAJUDA. Kwabethelwa kanye naye abaphangi ababili, omunye ngakwesokunene nomunye ngakwesokhohlo. Kepha abadlulayo bamhlambalaza benikina amakhanda abo, bathi: Wena odiliza ithempeli; ubuye ulakhe ngezinsuku ezintathu, zisindise, uma uyiNdodana kaNkulunkulu, wehle esiphambanweni. Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa kanye nababhali namalunga, bathi: Wasindisa abanye, angezisindise yena; uyinkosi yakwaIsrayeli; akehle manje esiphambanweni, sikholwe nguye. Wethembile

uNkulunkulu; makamkhulule manje, uma emthanda, ngokuba wathi: NgiyiNdodana kaNkulunkulu. Kepha nabaphangi ababebethelwe esiphambanweni kanye naye bamdumaza kanjalo. Kepha kusukela ngehora lesithupha kwaba-mnyama emhlabeni wonke, kwaze kwaba-yihora lesishiyagalolunye. Kepha ngehora lwesishiyagalolunye uJesu wamemeza ngezwi elikhulu, wathi: Eli, Eli, lama sabaktani? okungukuthi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? Abanye kwababemi khona bekuzwa bathi: Lo ubiza uEliya. Masinyane omunye kubo wagijima, wathatha ilula, waligcwalisa ngoviniga, walihloma emhlangeni, wamphuzisa. Kepha abanye bathi: Yeka, sibone uma uEliya eza ukumsindisa. UJesu wabuye wamememza ngezwi elikhulu, wafa. Bheka-ke, isihenqo sethempeli sadabuka kabili, kusukela phezulu kuze kufike phansi; umhlaba wazamazama, amadwala aqhekezeka; amathuna avuleka, imizimba eminingi yabangcwele ababelele yavuka; baphuma emathuneni emva kokuvuka kwakhe, bangena emzini ongcwele, babonakala kwabaningi. Kepha induna yekhulu nababenayo belinda uJesu sebebona ukuzamazama nalokho okwenzekileyo besaba kakhulu, bathi: Nempela lo ubeyiNdodana kaNkulunkulu." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bandla elithandekayo likaKristu, Inkazimulo yokukhanya kukaBaba odale ukukhanya kwelanga iyakhazimula ebumnyameni obusibekele iGolegotha. Ukukhanya, qha ubumnyama kunamandla okunqoba, ngokuba kuyakhanyisa ubumnyama besono nokufa komhlaba. Kwenzekile ngolwesihlanu ngosuku uNkulunkulu adale umuntu ngalo, ngosuku uNkulunkulu abone ngalo ukuthi konke akwenzileyo kwakukuhle kakhulu. Kwenzekile phakathi kwasemini. Kuze kube ntambama ngehore lesithathu, ngesikhathi esikhazimulayo ngokuvama ngamahowa osuku. Kwenzekile ngolwesihlanu oluhle kakhulu.

INdodana kaYise ethandekayo ezelwe eyodwa, uNkulunkulu uqobo owaba inyama, abe ngumuntu impela. Yakhala kabi engolahliweyo nguNkulunkulu uYise ungathi eshiwe ukuba abhubhe ngenxa yesono nokufa kwakho. Lesisihogo emhlabeni siyisihogo sakho asibelethayo esikhundleni sakho ngakho wena ngabe ufanele ukujeziswa ngenxa yakho. Wenziwe abe isono ngenxa yakho, owangena impela esikhundleni sethu ukuba abe umhlatshelo ukuba kuyena wena wenziwe ube ngukulunga kukaNkulunkulu.

Thina “sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo.” Wafela nawe. Siseyizoni, uKristu wasifela, nangenxa yakho. Siseyizitha,

wasibuyisanisa noNkulunkulu ngokusifela ebumnyameni obobuqala emini kusentambama ngesikhathi sesithathu sosuku lokubethelwa nokufa kwakhe.

Wena uzozinikela ukufela omunye, na? Mhlawumbe uzothanda ukwenza lokhu. Mhlawumbe khona iqhawana phakathi kuwe. Mhlawumbe kuzokwenzeka ngenxa yendaba elungileyo, mhla lomunye engomuhle kakhulu ebizwa ukwenza okunjalo esikhathini zezinsizi ezibi. Mhlawumbe uzilungisele ukuzinikela ukufela lomunye. Uzilungisele ukufela isitha sakho na? Ke Jesu fela yo o ineetseng go dira jalo.

Ezweni lezinkolo zabezizwe, uyakhuphuka ukuya kunkulunkulu. Ekukholweni kwesiphambano, uNkulunkulu wakho wehlela kuwe. Ezweni lezinkolo zabezizwe, amakholwa afela unkulunkulu wawo, kodwa enkolweni yesiphambano uNkulunkulu wakho uyafela wena. Ezweni lezinkolo umelwe ukwenza okuthile ukuba ubuyisane nonkulunkulu, kodwa enkolweni yobuKristu, uJesu, uNkulunkulu wakho usebenzile ukuba ukubuyisana kube khona phakathi kwakho noNkulunkulu wakho. UJesu waveza ukubuyisana noNkulunkulu, siseyizitha zikaNkulunkulu.

Eli, Eli, lama sabaktani? Indima yokuqala eHutsheni 22, umkhuleko wekholwa elishiyiwe nguNkulunkulu. Liyamethemba uNkulunkulu, noma eshiyiwe nguye. Ekushiyweni kwakhe izwi elihunyushiwe ngokubuza ukuthi washiyelweni na, uJesu wakhuleka ngolimi lwesiAramea, ulimi lomndeni wakubo. UJesu wafunda lomkhuleko kwase busheni bakhe. NgesiHeberu izwi elishiwo nguJesu lithi: “Lama?” Kukhona elinye elisetshenziswa ukubuza ngesiHeberu isizathu ngokubuza ukuthi okuthile kwenzelwani na, elithi: “Madua?” Nokho kukhona umehluko omkhulu kulamagama amabili esiHeberu. Ngezwi elithi: Madua? Kuyabuzwa impela isizathu sakho okubuzwayo. Kodwa ngezwi elithi: Lama? Kwenzeka ukuba kuphawulwe inhloso yakho okwenzekayo. Okusho ukuthi uJesu akabuzayo ukuba aqonde isizathu sokushiwa, kodwa wathi: Ungishiyeleni na? Wafuna ukukhomba ukuthi ngokushiya uYise wahlosani na? Akushiwo ukuthi uJesu wayengazi ukuthi wahlosani, kodwa wafuna ukuba abamuzwa, mhla ebuza ukuthi ungishiyeleni na, bacabange kahle ukuba baqonde ukuthi uNkulunkulu uYise wahlosani ngokushiya iNdodana yakhe, nangokunikela ekufeni kwesiphambano, siqonde sonke inhloso yokufa kukaJesu ukuba sonke siqonde ukuthi wafa ukuba asifele, abe isihlengo sezono zethu, ezami nezakho.

UJesu waphuza lesisitsha esigcwele ubuhlungu obungaka, wayetshela abafundi bakhe ukuthi akasayikuphuza kuso isithelo seomvini, kuze kufike lolusuku abayakusiphuza

kanyekanye ngokusha embusweni kaBaba osezulwini. UJesu kuso isitsha sobuhlungu bokufa, ukuba thina siphuze okumnandi kwesitsha sewayini eliyigazi lakhe elithululelwe thina kube ukusindiswa kwethu ngokuthethelelwa izono zethu.

UJesu wafa, esamemeza ngamandla amakhulu, wafa ngenhloso, engabibitheki emkhulekweni wakhe wokucela ukuba uYise amukele umoya wakhe, ethemba impela ukuthi uYise othembekileyo uyakumhlenga ekufeni njengalokhu kushiwo eHutsheni 31:1. Kanjalo isikhathi sokufa kwakhe, kuyisikhathi sokunqoba kwakhe, isikhathi samandla akhe, zokukhazimuliswa kwakhe. Kwakuyimpi yakhe engcwele eyalwiwa nguye uqobo, nguye kuphela. Ekufeni kwakhe wanqoba.

Kanjalo-ke lesisikhathi esiqala emini kuze kube ntambama ngehora lesithathu ngolwesihlanu siyisikhathi nendawo lapho uNkulunkulu enyameni yobuntu eyalenga ebumnyameni phakethi kwezulu nomhlaba ukusindisa isinto esawela ezonweni. Unokuthula noNkulunkulu kulokhu ukufa okukodwa, okwenzekile mhla ilanga laguquka libe ubumnyama. Ulungiselwe ukusondela kuNkulunkulu ngenxa yobuhle nobumnene bakhe. Unethemba, inkazimulo esesikhathini esizayo ezweni elisekufeni, usamukelwe ukuba nawe uhlangane neNdodana kaNkulunkulu enkazimulweni yayo esandleni sokunene sikaNkulunkulu.

Uphiwe ukuthokoza, noma usavelelwa ukuhlupheka emhlabeni. Impela, uzwile kahle: Thokoza nasekuhluphekeni kwakho. UJesu akakuphi ukuba ungadabuli izindawo zobuhlungu nezokuhlupheka kuphela, kodwa uyakupha amandala ukunyathela ngamandla, noma uhamba esigodini sokufa, noma esokuhlupheka, ngokuba naye uJesu wahamba esigodini sokufa, wanqoba ukufa. Ubuhlungu bakho buyangwinywa ngubuhlungu bakhe. Ebuhlungwini bakhe nawe usindisiwe ngokwempela. Ngokuzwela ubuhlungu bezandla zakhe ezazibhojoziwe ngezipikili uyaphiwa ukubekezela nawe, nokwethemba ukuthi izinhlupheko zesikhathi samanje azinakulinganiswa nenkazimulo eyakwambulwa kuwe ekuphileni okuphakade. Alikho ithuba ekuphileni kwamakholwa aqiniseka ethembeni nasemsebenzini weNkosi ukuba angathintwa izinhlupheko zalomhlaba. Nawe uyakuba nezinsuku zobumnyama, uma wehlelwa imibuzo ethi: Ngishiyelweni na? Khona usenethemba lokwethemba ukuthi ubhapathiziwe, wamukelwe ube ngumntwana kaNkulunkulu, uthethelelwe yizono zakho ngokukholwa nguKristu, udlile umzimba wakhe, waphuza igazi lakhe elithululelwe nezono zakho. Khona uJesu ukhonela nawe, enza konke kube kusha, ukuba ukholwe ngokwempela ukuthi ubuyisene

noNkulunkulu, unokuthula naye, yena uwamukele, akayikukushiya noma ekufeni. Ebumnyameni bakhe usekukhanyeni. Ekufeni kwakhe usekuphileni. Ekushiyweni kwakhe nguNkulunkulu wena wamukelwe nguBaba osezulwini, unokuthula esimini enhle kaNkulunkulu. Usuku lokukhumbula ukubethelwa nokufa kukaJesu makube nakuwe usuku oluhle! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu wokulunga, Baba onomusa, mawukhumbule ukuthi iNdodana yakho yahlushwa kabi engenasono. Mawukhohlwe ubuningi bezono zami, nokuthi ngiyinceku yakho yosizi olukhulu. Qhaphela izilonda ezibi ezijulileyo zeNdodana yakho, ulahlele zonke izono zami kuzo lezilonda nakulo ulwandle lomusa wakho olujulileyo ngenxa kaKristu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 92/84

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-Kurt Schnackenberg.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.